UMASIPALA WASENYUKHASELA

ISAZISO ESINGUNOMBOLO CS 1 /2019

ISAZISO ESIMEMA UMPHAKATHI UKUBA UZOHLOLA UHLU OLUJWAYELEKILE LWEZILINGANISOMANANI KANYE NESICHIBIYELO SOHLU LWEZILINGANISONANI NOKUFAKA ISICELO SOKUPHIKISA

Kwaziswa umphakathi ngokwesiGaba 49(1) (a) (i) sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 78(2) somthetho woHulumeni Basemakhaya: uMthetho Wentela yoBuninimhlaba kaMasipala we-2004,(uMthetho ongunombolo 6 we 2004), obuyekeziwe waba wumthetho 29/2014, ukuthi uhlu olujwayelekile lwezilinganisomanani/isichibiyelo lonyaka wezimali ye 2019/2024 seluvulelwe ukuthi umphakathi uluhlole emahhovisi kaMasipala waseNyukhasela, ihhovisi lase eMadadeni, oSizweni, Stafford, Ingagane, Charlestown kanye nakuyo yonke iMitapo yolwazi esizindeni sikamasipala wase-Newcastle, Ngaphezu kwalokho luyatholakala ekhelini lesizindalwazi elithi www.newcastle.gov.za https://newcastle.evaluations.co.za/eServices kusukela ngomhlaka 25 ku Nhlolanja 2019 kuya kumhlaka 12 kuMbasa 2019.

Kumenywa ngokwesiGaba 49 (1) (a)(ii) sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 50(1)(c) soMthetho noma ubani ongumnikazi womhlaba noma omunye nje-ke umuntu onesifiso sokuba afake isicelo sokuphikisa kwimenenja kaMasipala nganoma yikuphi okusohlwini lwezilinganisomanani noma okusalile ohlwini olujwayelekile lwezilinganisomanani phakathi kwesikhathi esibekwe ngenhla.

Umphakathi uyaxwayiswa ukuthi ngokwesiGaba 50(2) soMthetho ukuphikisa kumele kuqondane ngqo nalowo mhlaba ofisa ukuphikisa ngawo kodwa isiphikiso kungabi ngesesichibiyelo sohlu olujwayelekile lwezilinganisomanani.

Ifomu lokufaka isiphikiso litholakala emahovisi kaMasipala waseNyukhasela lapho kukhokhelwa khona izinsiza nentela kaMasipala kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu, 08.00 kuya ku15.00 noma ikheli lesizindalwazi elingenhla.

Amafomu agcwalisiwe kumele abuyiselwe kuleli kheli elilandelayo:

iMenenja kaMasipala
Attention – Valuations Section
Private Bag X6621
Newcastle
2940

noma

Ungalihambisa ngesandla
emahovisi kamaspala
First Floor (Rates Hall)
37 Murchison Street
Newcastle

Uma ufuna ukubuza sicela ushayele kulezinombolo ezilandelayo: Dot Moynihan 034 3287634
Sabelo Majova 034 3287665
Thabisile Cele

034 3287641

MJ Mayisela: Ibambela leMenenja KaMasipala
Ihovisi likamasipala: Umasipala WaseNewcastle
Private Bag X6621, Newcastle 2940

usuku: 1 ku Nhlolanja 2019

Isaziso Esingunombolo CS 1/ 2019